- (c) endabeni yesivumelwano esihlongozwe esigabeni 41(1) soMthetho owenza umsebenzi wokuthutha kumzila noma emizileni noma endaweni ezothintwa yisivumelwano esihlongozwayo okuxoxiswa ngaso futhi ogibela noma

owehlisa abagibeli kulowo mzila noma emizileni endaweni ethintekayo futhi akathuthi kulowo mzila noma indawo;

“okufanele” esigabeni 41(2) soMthetho kusho ukuthi abaninizimoto abangathintekanga kumele bakhishwe ezingxoxweni ezihlongozwe esigabeni 41(2) soMthetho njengoba kuhlongozwe kuleso sigaba;

“umsebenzi wokuthutha onqamula imingcele” kushiwo umsebenzi wezokuthutha umphakathi noma inethiwekhi yemisebenzi yezokuthutha eyeqa umngcele wendawo enegunya lokuphatha likamasipala othile ukuya kweyomunye umasipala noma omasipala;

“i-DORA” ichaza uMthetho Wokuhlukaniswa Kwemali Engenayo ohlongozwe esigabeni 214(1) soMthethosisekelo wonyaka wezimali okukhulunywa ngawo;

“Uhlaka Lwezibonelelo” kushiwo uHlaka Lwezibonelelo Ezishicilelwe kulo nyaka wezimali okukhulunywa ngawo ngokwe-DORA;

“i-MFMA” ichaza i-*Local Government: Municipal Finance Management Act* 56 wezi-2003, kanye

“IGRFA” ichaza i-*Intergovernmental Relations Framework Act* 13 wezi-2005.

Izimfuneko zezivumelwano

3. (1) Ngaphambi kokungena esivumalwaneni ngokwesigaba 41 noma 42 soMthetho isiphathimandla sokungenisa kusivumelwano kufanele-

- (a) esimweni sikamasipala, sithuthukise futhi siqedele i-ITP yawo futhi sithole ukugunyazwa kwalokho njengoba kudingwa isigaba 36 soMthetho esifundwe nezimfuneko Ezincane lapho besingakenzi, nalapho kufanele khona, sibuyekeze i-ITP ngendlela edingwa yiZimfuneko Ezincane, ngokulawulwa yisigaba 93(4) soMthetho; inqobo nje uma leso sigaba sisetshenziswa umasipala kumele okungenani abe -
 - (i) uklame inethiwekhi yemisebenzi yokuthutha enesivumelwano kanye nengenaso isivumelwano ezinenkontileka nezingezona izinkontileka futhi walungisa uhlelo lwemisebenzi yezokuthutha enesivumelwano ngendlela edingekayo engxenyeni yohlelo lwezokuthutha zomphakathi lwe-ITP, noma
 - (ii) wenze ucwaningo ukuze kutholwe izidingo zezithuthi zomphakathi zikamasipala noma ingxenye kamasipala efuna ukufakwa ngaphansi kwesivumelwano esihlongozwayo;
- (b) sihlizzekele ukufakwa kwezimfuneko kanye nemibandela emenyezelwe ohlakeni lwezibonelelo noma izinhlaka ezihlinzekiwe zokuxhasa ngezimali imisebenzi ehlongozwayo eshicilelwe ngokwe-DORA efanele;

- (c) silungise uhlelo lokusebenza kanye nebhizinisi njengoba kuhlangozwe oHlakeni Lwezibonelelo ezihambisana nomthethonqubo 4;
- (d) senze ucwaningo kumzila noma emizileni noma endaweni noma ezindaweni okukhulunywa ngazo ukuze kuhlangukwe uhlu, ngangokunokwenzeka, lwabaninizimoto abathintekayo, kanye nohlu lwabameleli babo, futhi
- (e) sibonisane namakomidi ahlangozwe oHlakeni Lwezibonelelo ezifanele kanjalo neKomidi Elihlelayo Phakathi Kwezinto Zokuthutha Ezingafani elisungulelwe umasipala noma omasipala abathintekayo ngokwesigaba 15 soMthetho kanye nanoma yimaphi amaBhodi Aluleka Ngezokuthutha Ezihamba Phansi asungulwe ngokwesigaba 16 soMthetho.

(2) Ngaphambi kokungena esivumelwaneni okuxoxiswene ngaso ngokwesigaba 41 soMthetho, isiphathimandla esingenisa esivumelwaneni kufanele, ngaphezu kokuthatha izinyathelo eziqinisekisiwe lomthethonqubo (1)–

- (a) sishicilele isaziso ephephandabeni elilodwa noma amaningi azungeza endaweni noma ezindaweni lapho imisebenzi yokuthutha ehlongozwayo izohlizelwa khona esimema abaninizimoto abathintekayo ukuba babhalise kusiphathimandla esingenisa esivumelwaneni ngosuku olushiwo esazisweni;
- (b) ngemuva kokwenza ucwaningo lwabo bonke abaninizimoto abathintekayo abasebenza emizileni efanele noma endaweni noma ezindaweni ezifanele njengoba kuhlangozwe esigatshaneni somthetho 1 (d) , sihlangukwe futhi sigcine irejista yabaninizimoto abathintekayo neminingwane yabo yokuxhumana kanye, nalapho kufanele khona, iminingwane yokuxhumana yabameleli babo, futhi
- (c) siqinisekise ukuthi abameleli okukhulunywe ngabo endimeni (b) bagunyazwe ngokubhaliwe ngumninimoto othintekayo ngokuhambisa amandla akhethekile ommeli.

(3)Ngezinjongo zomthethonqubo (2) (b) , esimweni lapho umninizimoto enelayisensi yokuthutha egunyaza imizila eminingana, isiphathimandla esingene esivumelwaneni singase sibheke imizila efakwe umninizimoto lapho sifaka isicelo esigungwini sokulawula izinto zokuthutha selayisensi yokuthutha nemizila ethile egunyaziwe kuleyo layisensi yokuthutha, ekutholeni ukuthi umninizimoto uyathinteka yini.

(4) Isiphathimandla esingene esivumelwaneni kufanele-ke sixoxisane nalabo banini-zimoto abathintekayo, ngabodwana noma ngabameleli babo , ngenhloso yokuphuthula isivumelwano nabanini-moto esingase sihlangukwe ukubanikeza okukodwa noma ngaphezulu kwalokhu okulandelayo:

- (a) Eminye imisebenzi yokuthutha kuleyo ezohlizelwa ngokwesivumelwano njengoba kuhlangozwe esigabeni 39(1) soMthetho;

- (b) amasheya noma ama-akhawunti emalimboleko enkampanini ethuthayo noma ezinkampanini noma ezinkampanini ezizosungulwa noma ezizoqokwa ukuthi zenze imisebenzi yokuthutha ngokwesivumelwano ngenhloso yokuthuthukisa amandla ezomnotho okuthuthukisa amabhizinisi amancane noma abantu ababencishwe amathuba ngaphambilini ngenxa yobandlululo olungafanele;
- (c) amasheya noma ama-akhawunti emalimboleko enkampanini noma ezinkampanini noma kwenye inkampane esungulwe ngesikhathi kwakhiwa kabusha abaninizimoto bezithuthi zikamasipala noma bakahulumeni, noma
- (d) isinxephezelo noma enye indlela efanele.

(5) Isiphathimandla esingene esivumelwaneni singakhuluma ngesicelo esibhaliwe kumninimoto noma kubanini-zimoto abahlongozwe kwisigatshana somthethonqubo (2)(b) esisho usuku lokwamukela lokho okunikezwayo, lesa sazi okufanele sihanjise kumninimoto noma kummeleli wakhe ogunyazwe ngokwesigatshana somthethonqubo (2)(c) ekhelini lendawo noma le-imeyili elibhaliswe ngokwalowo mthethonqubo.

(6) Lapho umninimoto okubhekiswe kuye isithembiso ngokomthethonqubo (5) ehluleka ukwamukela lokho noma ukuphendula isazi ngosuku olubekiwe lokwamukelwa, umninimoto uyothathwa ngokuthi ukwenqabile lokho okunikezwayo futhi isiphathimandla esingene esivumelwaneni ngeke siphinde siphokeleke ukuthi sixoxisane nalowo mnini-moto, futhi isiphathimandla esingene esivumelwaneni kufanele sicele isigungu esilawula izinto zokuthutha ukuthi singayivuseleli ilayisensi yokuthutha noma amalayisensi alowo mnini-moto egunyaza imisebenzi yokuthutha esesivumelwaneni .

(7) Lapho umninimoto amukela okuhlongozwe kwisigatshana somthethonqubo (5), isivumelwano esihlongozwe kulowo mthethonqubo kumele sifake isibophezelo salowo mnini-moto sokuhambisa amalayisensi okuthutha noma amaphemithi alowo mnini-moto agunyaza umzila noma imizila ezosetshenziswa ngokwemibandela yesivumelwano esihlongozwayo, ukukhanselwa, ukuchitshiyelwa noma ukuguqulwa, kuye ngokuthi yikuphi, ukuze kususwe ukugunyazwa kwanoma yimiphi imisebenzi yokuthutha ezobangisana nemisebenzi ezohlinzekwa ngokwemibandela yesivumelwano.

(8) Lapho umninimoto ohlongozwe esigatsheneneni somthethonqubo (7) eqhubeka nokuthutha umphakathi kumzila noma emizileni ephula isifungo esinikezwe ngaphansi kwalesi sigatshana noma ephule isivumelwano esihlongozwe kwisigatshana somthethonqubo (4), umninimoto uyolahlekelwa yinoma yimiphi imihlomulo enikezwe lowo mnini-moto ngokomthethonqubo (4) ngemuva kokunikeza umninimoto ithuba elizwakalayo lokunikeza izizathu zokuthi kungani kungafanele aphucwe imihlomulo futhi uma lezo zizathu zingamukeleki kusiphathimandla esingene

esivumelwaneni, futhi imihlinzeko yalo mthethonqubo omncane kufanele ifakwe njengombandela kuleso sivumelwano.

(9) Noma yimuphi umhlomulo otholwa umqhubi ngokwesivumelwano esihlongozwe esigatsheneni somthethonqubo (4) angeke ukhokhelwe noma udluliselwe kumninimoto kuze kube lowo mnini-moto uhambisana nomthethonqubo (7), kuncike kumtheshwananqubo (8).

(10) Ngaphambi kokungena esivumelwaneni sohlobo lohwebo ngokwesigaba 43 soMthetho, isiphathimandla esingena esivumelwaneni kufanele sithathe izinyathelo ezisohlwini lwendima (a), (c) kanye no (e) yesigatshana somthethonqubo (1).

Izinhlelo zokusebenza nezamabhizinisi

4. Izinhlelo zokusebenza nezamabhizinisi ezihlongozwe kumthethonqubo wesi-3(1) (c) kumele okungenani zibhekane -

- (a) isidingo nokufiseleka kwesivumelwano okudingekayo noma okutusekayo ukuthi sibhekane nezidingo zabagibeli nabaqashi endaweni efanele noma emizileni efanele kanye nezizathu zokuthi kungani izinsiza zokuthutha abagibeli zingenele;
- (b) ireferensi yokuhlolwa kwezidingo zokuthutha ze-ITP noma ama-ITP afanelekile nokuthi ihlinzekela noma iveza kanjani isidingo sesivumelwano;
- (c) izilinganiso zezezimali zesivumelwano esihlongozwayo sesiphathimandla esingene esivumelwaneni ngokukhethekile kanye nezezimali ngokuvamile futhi esimweni sesivumelwano okuxoxiswene ngaso noma isivumelwano sokuthutha esinoxhaso ukuthi isivumelwano sizohlinzeka kanjani ngenani lemali ngokwemibandela yokukhishwa koxhaso;
- (d) mayelana nemithelela yezezimali yesivumelwano esihlongozwayo, uhlelo lokusebenza lwezimali lweminyaka eminingi, oluvunywe umkhandlu kamasipala esimweni sikamasipala, oluhlanganisa isikhathi esigcwele sesivumelwano sesigaba ngasinye esixhaswe ngemali ngokoHlaka Lwezibonelelo ezithintekayo futhi okuhlanganisa izindleko zokusebenza nokulondoloza kanye nezinhlelo zokufinyelela kumklamo wendawo yonke;
- (e) idatha eqinisekisiwe yemali engenayo yomnini-moto kanye nenzuzo;
- (f) ukuthi isivumelwano sizothuthukisa kanjani imisebenzi yokuthutha umphakathi ngokwezezimali ngokulinganisa imali yokugibela kanye nenye imali engenayo elindelekile, bese ilinganisa ngokubheka izindleko ezilindelekile;
- (g) esimeni sesivumelwano okuxoxiswene ngaso, incazelo emfushane yenqubo yezingxoxo kanye nezinhlangothi okuxoxiswene nazo;
- (h) esimeni sokuthutha okuphakathi kwezifundazwe, incazelo yokuxoxisana nezivumelwano phakathi kwesiphathimandla esingene esivumelwaneni, nesifundazwe kanye nezinye izifundazwe ezithintekayo noma izifundazwe kanye nomunye umasipala noma omasipala;

- (i) esimeni sokuthutha okwenzeka phakathi kwesifundazwe okuwela imingcele yesifundazwe, incazelo yokuxoxisana nezivumelwano phakathi kwesiphathimandla esingene esivumelwaneni, nesifundazwe kanye nomunye umasipala noma omasipala abathintekayo, kanye
- (j) amalungiselelo enziwe noma azokwenziwa ukuze kugadwe futhi kuqashwe imisebenzi ezohlinzekwa ngokwemibandela yesivumelwano.

Ushintsho ezivumelwaneni ezikhona

5. (1) Njengoba kudingwa isigaba 42(1) soMthetho isiphathimandla esingene esivumelwaneni kufanele siqale ngemisebenzi ehlongozwe kumthethonqubo 3(1) ukuze senze isivumelwano esisha ingakapheli iminyaka emibili ngaphambi kokuphelelwa yisikhathi kwesivumelwano lapho i-ITP ethintekayo noma ama-ITP ekhombisa ukuthi abagibeli emizileni ethintekayo noma endaweni noma ezindaweni ezithintekayo basadinga imisebenzi yokuthutha enesivumelwano.

(2) Lapho i-ITP noma ama-ITP anele engekho ngenhloso ehlongozwe esigatshaneni somthethonqubo (1) isiphathimandla esingene esivumelwaneni kufanele sisebenzise yonke eminye imininingwane etholakala kuso ngenjongo yokwakha isivumelwano noma izivumelwano njengoba kuhlangozwe esigabeni 93(4) soMthetho kuncike esimisweni somthethonqubo 3(1)(a).

(3) Isiphathimandla esingene esivumelwaneni kufanele sivumelanise izinhlelo phakathi kwesivumelwano esidala nesisha, futhi isivumelwano esisha kufanele sifakwe kancane ukuze kungabikho ukuphazanyiswa kwemisebenzi yokuthutha kubagibeli abathintekayo, futhi ngokuhambisana nesigaba 197 soMthetho Wobudlelwane Kwezabasebenzi, we-1995 (uMthetho 66 we-1995) kanye neminye imithetho yezabasebenzi esebenzayo.

(4) Isiphathimandla esingene esivumelwaneni kufanele seluleke abagibeli ngomhlangano womphakathi owodwa noma eminingi noma ngamapheshana asakazwe noma ashiywe ezikhumulweni, ezitobhini zamabhasi nakwezinye izindawo, noma ngezaziso emaphephandabeni endawo noma ezinye izindlela ezifanele, ngomnini-moto omusha nanoma yiziphi izimo ezishintshile ezisebenza esivumelwaneni esisha noma ekushintsheleni esivumelwaneni esisha.

Izimfuneko ezijwayelekile

6. (1) Ekuxoxisaneni noma ekuphothuleni izivumelwano ngokoMthetho isiphathimandla esingene esivumelwaneni kufanele sicabangele- -

- (a) ngokweyame esigabeni 41(1) soMthetho, esimweni sikamasipala, imihlinzeko yokuthengwa kwempahla ye-MFMA kanye nenqubomgomo yokuphathwa

kokuhlinzekwa kwempahla kamasipala ehlongozwe esigabeni 111 salowo Mthetho, futhi esimweni sesifundazwe imihlinzeko yokuthengwa kwempahla yoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, we-1999 UMthetho 1 we-1999) kanye neMithethonqubo kaMgcinimafa eyenziwe ngokwalowo Mthetho, kanye ne-*Preferential Procurement Policy Framework Act* 5 ka-2000 noma umthetho othatha indawo yalowo Mthetho; noma yiziphi izidingo noma umthetho othatha indawo yalowo Mthetho;

- (b) noma yiziphi izimfuneko kanye nezincwadi zamathenda kanye nemibhalo yesivumelwano enqunyiwe noma ehlinzekwe ngokwesigaba 42(6) soMthetho;
- (c) IMithethonqubo Ehlobene Nezinhlelo Zezimali Zokugibela Ezihlanganiswe Ndawonye, yezi-2011 emenyezelwe ngaphansi kweSaziso R.511 ku*Gazethi Kahulumeni* 34363 yangomhla ziye-17 kuNhlangulana 2011;
- (d) umklamo kanye nezidingo zokufinyelela kanye nemigomo eshicilelwe nguMnyango, noma uNgqongqoshe ngokwesigaba 8(1) (y) soMthetho, kanye naleyo eshicilelwe ngokwe-*National Building Regulations and Building Standards Act* 103 ka-1977, futhi ngokuvamile aqinisekise ukuthi kukhona ukuhlinzekwa kwezidingo zezinhlelo zabagibeli abahlosiwe;
- (e) izinqubomgomo ezifanele zokuthuthukisa ezokuthutha okungezona izimoto kanye nezokuthutha ezifinyeleleka kalula mayelana nokusebenza kwezithuthi zomphakathi nengqalasizinda;
- (f) isidingo sokuvimbela, ukunciphisa noma ukunciphisa umthelela wezokuthutha endaweni ezungezile ngokwesu lemvelo ngendlela ehlanganisa ukugqugquzelwa kwezithuthi zomphakathi ezingalimazi imvelo nezokuthutha okungezona izimoto, ukulwa nokuguquguquka kwesimo sezulu kanye nokunciphisa ukukhishwa kwamagesi abamba ukushisa nokucutshungulwa kwemigomo yokonga ukagesi kanye nokukhishwa kwemfucumfucu, kanye nemibandela engaba yimpoqo mayelana nokungcolisa okumaphakathi;
- (g) ukuhlanganiswa phakathi kwezinto zokuthutha ezingafani nemisebenzi yokuthutha engafani;
- (h) isidingo sokuthuthukisa ukufukulwa kwezomnotho kwamabhizinisi amancane kanye nabantu ababencishwe amathuba phambilini ngenxa yobandlululo olungafanele kanye nokuvimbela ukwanda noma ukuqhubeka nokuba khona kodlame oludalwe yimithetho engalungile noma izinqubo zangaphambilini;
- (i) isigaba 197 soMthetho Wezobudlelwano Kwezabasebenzi, we-1995 (uMthetho 66 we-1995) kanye neminye imithetho yezabasebenzi esebenzayo ngesikhathi soshintsho lusuka kwesinye isivumelwano kuya kwesinye, lapho kufanele, futhi
- (j) lapho umnini-moto ohlongozwayo ehlinzeke ngemisebenzi yokuthutha ngokwesivumelwano sangaphambilini nesiphathimandla esingene esivumelwaneni nanoma iyiphi enye inhlango yombuso, ukusebenza okwedlule komnini-moto ekusebenzeni ngokwaleso sivumelwano esedlule.

(2) Iziphathimandla ezingene esivumelwaneni kufanele ziqinisekise ukuthi kwenziwa ukuhlinzekelwa kokuqapha okwenele kwe-elektronikhi noma mathupha kwemisebenzi ehlinzekwayo ngokwesivumelwano esibandakanya uxhaso ngendlela

echazwe ezincwadini zamathenda nezivumelwano eziyisibonelo kanye nanoma yiziphi izimfuneko ezinqunyiwe noma ezihlinzekwe ngokwesigaba 42(6) soMthetho, futhi ngokuhambisana nanoma yimiphi Imibandela Yezibonelelo.

(3) Izivumelwano zesikhashana ezihlongozwe esigabeni 41A soMthetho kumele zisetshenziswe kuphela ezimeni ezihlukile lapho kunesidingo khona ukuze kuhlinzekwe ngemisebenzi yokuthutha ngenkathi isiphathimandla esingene esivumelwaneni siphezu kwezingxoxo zesivumelwano okuxoxiswana ngaso noma ukusungula inethiwekhi, njengoba kuhlongozwe esigabeni 41A(1) (c) soMthetho, noma lapho kungakapheli khona isivumelwano ngemuva kokuphelelwa yisikhathi kwesivumelwano esedlule, futhi kumele singasetshenziswa lapho kunamathuba amaningi okuthi kubanjezelwe ukuphothulwa kwezivumelwano zemisebenzi yokuthutha okunoxhaso, futhi singavuselelwa.

(4) Lapho imisebenzi yokuthutha izohlinzekwa ezindaweni ezingaphansi komasipala abangaphezulu koyedwa ngokwesivumelwano, omasipala kumele-

- (a) baphethe isivumelwano esibhaliwe phakathi kwabo esihlinzeka okungenani ngamalungiselelo ezezimali asebenza esivumelwaneni esihlongozwayo phakathi kwabo futhi kucatshangelwa imihlinzeko ye-IGRFA, futhi
- (b) lapho kufanele baxhumane nesifundazwe noma izifundazwe ezifanele ukuze bathole usizo njengoba kuhlongozwe kumthethonqubo 8.

(5) Lapho isivumelwano esihlongozwayo sizobeka izibopho zezimali kumasipala ngaphezu kweminyaka emithathu ehlanganiswe esabelweni sezimali sawo sonyaka, umasipala kufanele uhambisane nesigaba 33 se-MFMA.

(6) Njengoba isigaba 41(1) soMthetho sihlizenzekela ukuthi isivumelwano okuxoxiswene ngaso singaphothulwa kanye kuphela, isiphathimandla esingena esivumelwaneni angeke siphothule isivumelwano esingaphezu kwesisodwa okuxoxiswene ngaso ngokwaleso sigatshana, okungukuthi; ngokuphothula izivumelwano ngokungaphezu kweyodwa yalezi zindima (a) , (b) noma (c).

(7) Esimeni sesivumelwano esihlongozwe esigabeni 41(1)(c) soMthetho, izinhlaka zokuthutha zikazwelonke noma zesifundazwe kufanele zihambisane nesigaba 54 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, we-1999 (uMthetho 1 we-1999), kanye neminye imithetho esebenza ekwakhiweni kabusha kwabaninizimoto abancike kuhulumeni, futhi othuthela umasipala kufanele athobele umthetho osebenza ekuhlelweni kabusha kwawo, ngaphambi kokuphothula isivumelwano.

Izimfuneko zabafakela amathenda

7. (1) Ithenda nezivumelwano eziyisibonelo ehlongozwe esigabeni 42(6) soMthetho kufanele ifake ukuthi ukuze ufaneleke njengomfaki-thenda ukuthola isivumelwano semisebenzi yokuthutha esinoxhaso, umninizimoto, futhi lapho kufanele

nanoma yimuphi umuntu noma inhlango elawula ubunikazi kumninimoto, noma eyenza imisebenzi egameni lakhe, noma esikhundleni sakhe njenge-ejenti, umninimoto kufanele athobele lezi zimfuneko ezilandelayo:

- (a) Kufanele aqhube imisebenzi yezokuthutha umphakathi ngokwemigomo yebhizinisi ngokufaka uthango lwezezimali, kanye
- (b) kumele abe ngokhokhela kahle intela futhi akwazi uhlinzeka ngesitifiketi sokubamsulwa kwezezintela noma i-PIN (inombolo kamazisi yomuntu siqu) ekhishwe uPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika.

(2) Ngezinhlalo zesigatshana somthethonqubo (1) (a) , umninimoto unemingcele yezezimali uma—

- (a) ibhizinisi lesithembiso somnini-moto lenziwa ngokuhlukile kunelinye ibhizinisi noma isithembiso nanoma iyiphi enye inhlango;
- (b) umninimoto ugcina amarekhodi ezimali ahlukene, ngokuhambisana nenqubo yokubala imali eyamukelwa ngokuvamile kanye nezinqubo, zezimpahla zakhe, izikweletu, imali engenayo, izindleko, inzuzo nokulahlekelwa;
- (c) isithembiso somnini-moto siyasimama ngokwezezimali ngokwezitatimende zakhe zezimali, futhi
- (d) umninimoto akananzuzo engalungile mayelana nokuthola usizo lwezezimali noma olunye usizo noma izinsiza kunoma yiluphi uhlobo lombuso njengoba kuchazwe esigabeni 239 soMthethosisekelo, ngaphandle uma lokho kusizakala kuyingxenywe yohlelo olusebenza ngokujwayelekile, olugunyazwe isiphathimandla esingene esivumelwaneni, ukuvikela noma ukuthuthukisa abanikazi bezithuthi zomphakathi ababencishwe amathuba ngenxa yobandlululo olungafanele noma ukusiza amabhizinisi amancane; inqobo nje uma noma iyiphi inzuzo evela esivumelwaneni sokuthutha esinoxhaso singathathwa njengenzuzo engalungile ngezinjongo zalo mthethonqubo.

(3) Ngesikhathi sesivumelwano sokuthutha esinoxhaso, umninimoto nanoma yimuphi umuntu noma inhlango elawula ubunikazi kumnini-moto noma owenza imisebenzi egameni noma esikhundleni sakhe njenge-ejenti yomnini-moto, kufanele lapho kufanele khona—

- (a) agcine amarekhodi ahlukene, ngokuhambisana nezinqubo kanye nezinqubo zokubalwa kwezimali ezamukelwe ngokujwayelekile, ngesimo sakhe sezezimali, ukusebenza, ukuhamba kwezimali kanye noshintsho esimweni sezimali;
- (b) ahlolwe minyaka yonke ngumuntu obhaliswe ngokwe-*Auditing Profession Act* 26, ka-2005;

- (c) ahambisane nezidingo zesigatshana somthethonqubo (1), kanye
- (d) angajabuleli inzuzo engafanele evela ohlakeni lukahulumeni , kuncike esimisweni somthethonqubo (2) (d).

(4) Ngenhloso yalo mthethonqubo—

- (a) “ukulawula ubunikazi” kusho ukulawula komuntu oyedwa noma inhlango phezu komunye njengoba kuhlangozwe esigabeni 2 soMthetho Wezinkampani, wezi-2008 (uMthetho 71 wezi-2008), kanye
- (b) “ukuzuza okungenalo iqiniso” isho, kodwa akugcini kulokhu kuphela—
 - (i) ukwamukela komnini-moto kwanoma iyiphi inzuzo eqondile noma engaqondile, okuhlanganisa izimali, izinsiza, iminikelo, izibonelelo, ukucatshangelwa noma enye inzuzo, kungakhathaliseki ukuthi yezezimali noma ngenye indlela, engatholakali ngemigomo nemibandela efanayo kubo bonke abanye abaninizimoto;
 - (ii) isiqinisekiso esiqondile noma esingaqondile noma ukuhlonipha kwanoma yiziphi izibopho zomnini-moto, okuhlanganisa ukuhlelwa noma ukuqondisa kwakho;
 - (iii) umhlinzeko oqondile noma ongaqondile wemali mboleko engenanzalo, noma inzalo enenani eliphansi kakhulu kunaleso elizotholakala kwezohwebo kumqhubi ofanayo ngaphansi kwezimo ezifanayo, noma imali ebolekiwe lapho izinkokhelo zenzalo zihlehliswa isikhathi esingaphezu kwezinyanga eziyisithupha, okuhlanganisa ukuhlelwa noma ukusizakala kokunikezwa kwanoma iyiphi leyo mali , noma
 - (iv) ukuvumela umnini-moto ukuthi asebenzise, noma ahluleke ukuvimbela umnini-moto ekusebenziseni, noma yiziphi izinsiza zomphakathi, okuhlanganisa ingqalasizinda, impahla, izinsiza, izimpahla, izinsiza zabasebenzi, izinhlelo, ubuchwepheshe noma impahla yengqondo, noma ukugququzela leso senzo, esingeke sitholakale komunye umnini-moto ofanayo ngemibandela nemibandela efanayo.

(5) Isiphathimandla esingene esivumelwaneni kufanele sicabangele ukufaneleka kofake isicelo sethenda njengomnini-moto, phakathi kwezinye izinto, erekhodini lakamuva lokugwetshwa kwamacala obugebengu ohlobo olubhekwa njengolufanele yilesi siphathimandla.

Usizo lwezifundazwe

8. (1) Isifundazwe singasiza umasipala noma omasipala abangaphezu koyedwa ngokuphuthula isivumelwano noma singaphuthula isivumelwano njenge-ejenti kamasipala noma egameni likamasipala noma omasipala njengoba

kuhlongozwe esigabeni 238(b) soMthethosisekelo, noma ukwenza ngokuhlanganyela amandla noma imisebenzi yabo njengoba kuhlongozwe esigabeni 12(1) soMthetho.

(2) Esimeni esinjalo isifundazwe kanye nomasipala noma omasipala, kuye ngokuthi yikuphi, kumele benze isivumelwano esibhalwe phansi esibeka izindima nezibopho zezinhlangothi, kubhekwe imihlinzeko ye-IGRFA futhi kubandakanya, kodwa kungacini nje -

- (a) ezinhlelweni zezimali ezisebenza esivumelwaneni esihlongozwayo noma izivumelwano;
- (b) ezinyathelweni ezizothathwa yisifundazwe ukwakha amandla kanye nezinsiza kumasipala noma komasipala njengoba kuhlongozwe esigabeni 154(1) soMthethosisekelo kanye nesigaba 11(1) (b) (v) no (vi) soMthetho, kanye
- (c) ezibophezelweni zikamasipala noma zomasipala abazibophezela ekutholeni izinsiza ukuze banikwe amandla ekwakheni amandla kamasipala noma bavume ukuthatha izinsiza ezingatholakala futhi ziqeqeshelwe leyo nhloso yisifundazwe.

(3) Isivumelwano noma izivumelwano kufanele zihlinzekwe kuma-ITP omasipala abathintekayo futhi kufanele zisize ekuhlinzekeni nasekuhlanganiseni imisebenzi yokuthutha umphakathi emiphakathini yomasipala njengoba kudingwa uMthetho kanye Nezimfuneko Ezincane.

(4) Ngaphambi kokusayinwa kwesivumelwano esihlongozwayo, kufanele sihanjise eMnyangweni kanye nakuMgcinimafa Kazwelonke ukuze baphawule, futhi isiphathimandla esingene esivumelwaneni kufanele sicubungule noma yikuphi ukuphawula okutholwe kubo ngendlela ekufaneleke ngayo.

(5) Umasipala kumele athole isinqumo emkhandlwini kamasipala wawo esigunyaza isivumelwano esihlongozwayo ngaphambi kokusayinwa kwesivumelweano.

Imihlinzeko yesikhashana

9. (1) Isivumelwano esiqedwe ngaphambi kosuku lokuqala ukusebenza kwale mithethonqubo sihlala sisebenza size siphelwe yisikhati noma size sikhanselwe noma siqedwe, naphezu kwemihlinzeko yale mithethonqubo.

(2) Izingxoxo ezabanjwa nabaninizimoto yisiphathimandla esingene esivumelwaneni ngaphambi kosuku lokuqala ukusebenza kwale mithetho zihlala zisebenza kuhlanganisa zonke izinyathelo ezithathwe yisiphathimandla esingene esivumelwaneni ukulungiselela izingxoxo zesivumelwano ezisemthethweni.

Ukuchithwa kwemithethonqubo yangaphambilini yokungena esivumelwaneni sokuthutha umphakathi

10. Imithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi mayelana Nokungena Esivumelwaneni Sokuthutha Umphakathi eyenziwe ngokoMthetho futhi yashicilelwa ngaphansi kweSaziso SikaHulumeni R.877 kuGazethi kaHulumeni 32535 yangomhla zingama-31 kuNcwaba wezi-2009, ngalokhu iyachithwa.

CONTINUES ON PAGE 130 OF BOOK 2

Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001
Contact Centre Tel: 012-748 6200. eMail: info.egazette@gpw.gov.za
Publications: Tel: (012) 748 6053, 748 6061, 748 6065



Government Gazette Staatskoerant

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
REPUBLIEK VAN SUID AFRIKA

Vol. 723

12 September 2025
September

No. 53335

PART 2 OF 2

N.B. The Government Printing Works will not be held responsible for the quality of "Hard Copies" or "Electronic Files" submitted for publication purposes

ISSN 1682-5845



9 771682 584003

5 3 3 3 5



AIDS HELPLINE: 0800-0123-22 Prevention is the cure

ISAPHLUKO 2: IMITHETHO YEMISEBENZI YOKUTHUTHA YE-ELECTRONIC-HAILING

Izincazelo zeSahluko 2

11. Kulesi Sahluko sale mithethonqubo, ngaphandle uma ingqikithi isho okuhlukile, noma yiliphi igama noma inkulumbo incazelo enikezwe yona eMthethweni noma kumthethonqubo 1, inencazelo efanayo, futhi la magama nezisho ezilandelayo zinezincazelo ezinikezwe zona:

“ **isivumelwano** ” noma “ **isivumelwano somsebenzi wokuthutha we-e-hailing** ” sisho isivumelwano phakathi komnini-moto kanye nomhlinzeki wenkundla ye-e-hailing esihlongozwe kumthethonqubo 18;

“ **i-app** ” noma “ **isisetshenziswa** ” ichaza isisetshenziswa esihlongozwe esigabeni 66A(1) (a) soMthetho;

“ **umlayezo wedatha** ” kusho umlayezo wedatha njengoba uchazwe ku-ECTA;

“ **ECA** ” kushiwo uMthetho Wezokuxhumana Ngobuchwepheshe, wezi-2005 (uMthetho 36 wezi-2005);

“ **i-ECTA** ” ichaza i-*Electronic Communications and Transactions Act* 25, ka-2002;

“ **umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing** ” noma “ **umhlinzeki wenkundla** ” kushiwo umuntu ohlinzeka ngesisetshenziswa noma inanoma yibuphi ubuchwepheshe obuklanywe noma obusetshenziswa ukuze kuhlinzekwe ngomsebenzi wokuthutha umphakathi nge-e-hailing, okuhlanganisa nanoma yiziphi noma zonke izici ezisohlwini lomthethonqubo 15;

“ **impahla** ” kushiwo okokusebenza njengoba kuchazwe kuma-*Type Approval Regulations*, ka-2013;

“ **umazisi** ” kushiwo umazisi njengoba uchazwe ku-*Identification Act* 68, ka-1997;

“ **umninimoto** ” kushiwo umuntu onelayisensi yokuthutha egunyaza ukuthutha nge-e-hailing ngaphambi kokuqala ukusebenza kwesigaba 66A soMthetho, nangemva kokusebenza kwesigaba 66A, kuncike kumthethonqubo 12, ilayisensi yokuthutha nge-e-hailing ekhishwe ngokuhambisana nesigaba 66A soMthetho ofundwa nale mithethonqubo;

“ **i-RICA** ” ichaza i-*Regulation of Interception of Communications and Provision of Communication-Related Information Act* 70, ka-2002;

“ **ama-Type Approval Regulations, 2013** ” kusho ama-*Type Approval Regulations* akhiwe ngokwesigaba 4(1) afundwa nesigaba 35 se-ECA esimenyezelwe ngaphansi kweSaziso 871 ku*Gazethi Kahulumeni* 36785 yamhla zingama-26 kuNcwaba wezi-2013, noma owalandela esikhundleni sawo, futhi

“ **umsebenzisi**” kushiwo umuntu ofaka isicelo sohambo ku-e-hailing noma umuntu ogibela imoto ye-e-hailing ebe efakelwe omunye umuntu isicelo sohambo obhalisile ku-e-hailing.

Ukusetshenziswa kweSahluko 2

12. (1) Imithethonqubo kulesi Sahluko iyasebenza kuzo zonke izinqubo ezihlongozwe kulesi Sahluko kanye nokuqaliswa kokusebenza kwemihlinzeko yesigaba 66A soMthetho.

(2) Amalayisense okuthutha nge-e-hailing ngokwesigaba 66A soMthetho kanye nale mithethonqubo anganikezwa futhi akhishwe ngesicelo esifanele salawo malayisensi esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha esifanele.

(3) Isicelo esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha sokunikezwa, ukuvuselela, ukuchitshiyelwa, ukudlulisela noma ukuguqulwa kwelayisensi yokuthutha ye-e-hailing kumele sifakwe ngokuletha iFomu 1B eligcwalisiwe elihambisana neMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009, kanye nolwazi kanye namadokhumenti abalulwe kulelo Fomu kanye nemali yokufaka isicelo ebalulwe kuMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009.

Izimfuneko zokuthutha nge-e-hailing

13. Ukuthutha nge-e-hailing kunganikezwa kuphela lapho kunomhlinzeki wenkundla ye-e-hailing obhaliswe neSigungu Sokulawulwa Kwezinto Zokuthutha Umphakathi kuZwelonke

kanye nelayisensi yokuthutha ekhishelwe imoto esetshenziselwa ukuthutha nge-e-hailing.

Ukuguqulwa kwamalayisense okuthutha e-e-hailing akhishwe ngaphambi kokuqala ukusebenza kwesigaba 66A soMthetho.

14. (1) Bonke abaninizimoto abathutha nge-e-hailing ngokwamalayisensi okuthutha akhishwe ngaphambi kokuqala ukusebenza kwale mithethonqubo, kungakhathalekile ukuthi leyo misebenzi yokuthutha ichazwa kanjani kulawo malayisensi, kufanele bafake izicelo zokuguqulwa kwamalayisensi abo okuthutha zingakapheli izinsuku eziyi-180 le mithethonqubo iqale ukusebenza, esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha.

(2) Ekutholeni isicelo sokuguqulwa, kuncike ohlelweni olusebenzayo lwesicelo kanye nokuthobela komnini-moto, isigungu sokulawulwa kwezokuthutha singanikeza umninizimoto ilayisensi yokuthutha eqondene nemisebenzi yokuthutha ye-e-hailing ngokomthethonqubo 23.

(3) Kuze kube isigungu sokulawulwa kwezokuthutha sikhapha ilayisense endala yokuthutha ngelayisense entsha yokuthutha ye-e-hailing njengoba kuhlinzekwe emitheshwaneninqubo (1) kanye no-(2), umnimoto kufanele agcine ilayisense yokuthutha endala futhi ayinikeze kuphela uhlaka olulawulayo lapho kukhishwa ilayisense entsha yokuthutha noma isicelo sinqatshiwe.

(4) Isigungu sokulawulwa kwezokuthutha kufanele sikhulume ngesinqumo kumfakisicelo zingakedluli izinsuku ezingama-60 ngemuva kokuthola isicelo sokuguqulwa uma isicelo sihambisana noMthetho, lo mthethonqubo kanye nemihlinzeko efanele yeMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009.

(5) Lapho isicelo sokuguqulwa singahanjiswanga njengoba kudingwa esigatshaneni somthethonqubo (1) phakathi nesikhathi esishiwo lapho, isigungu sokulawulwa kwezokuthutha esifanele kufanele siyikhansele ilayisensi yokuthutha.

(6) Kusukela ngosuku olubalwe njengezinsuku eziyi-180 ngemuva kosuku lokuqala ukusebenza kwale mithethonqubo, akekho umnimoto ongathutha nge-e-hailing esebenzisa ilayisense yokuthutha eyakhishwa ngaphambi kosuku lokuqala ukusebenza kwale mithethonqubo, ngaphandle uma umnimoto elindele isinqumo sesigungu sokulawulwa kwezokuthutha ngesicelo sayo sokuguqula njengoba kuhlongozwe esigatshaneni somthethonqubo (1).

Izimfuneko zezisetshenziswa ze-e-hailing (ama-app) kanye nabahlinzeki benkundla ye-e-hailing

15. (1) I-app ye-e-hailing kanye nomhlinzeki wenkundla ye-e-hailing kumele kubhaliswe Esigungwini Sokulawulwa Kwezinto Zokuthutha Umphakathi kuZwelonke.

(2) Umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing kufanele kube ngumuntu ngokwemvelo noma inkampani oyisakhamuzi saseNingizimu Afrika esisemthethweni noma oyisihlali esisemthethweni noma ahlanganiswe ngokwemithetho yaseNingizimu Afrika.

(3) Zonke izinto zokusebenza ezisetshenziswa noma ezizosetshenziswa umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing ezihlanganisa 'izinto zokusebenza' njengoba kuchazwe ama-*Type Approval Regulations* ka-2013, iSigungu Sokulawulwa Kwezinto Zokuthutha Umphakathi kuZwelonke njengengxenye yesicelo sokubhaliswa, noma uma zitholwe ngemva kokubhaliswa, ngaphambi kokuba zisetshenziswe ekuhlinzekweni komsebenzi wokuthutha nge-e-hailing.

(4) Umhlinzeki wenkundla kufanele afake isicelo sokubhaliswa esiGungwini Sokulawulwa Kwezinto Zokuthutha Umphakathi kuZwelonke ngokugcwalisa Ifomu 9A elihambisana nale mithethonqubo futhi anikeze ulwazi oludingekayo lapho futhi

akhokhe imali yokufaka isicelo eshiwo kuSheduli 2 yeMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009.

(5) Isigungu Sokulawulwa Kwezinto Zokuthutha Umphakathi kuZwelonke kufanele sibhalise umhlinzeki wenkundla uma isicelo sihambisana futhi umhlinzeki wenkundla ethobela le Mithethonqubo futhi enikeze imininingwane eyamukelekayo yezakhiwo ezihlongozwe esigatshaneni somthethonqubo (6), futhi kufanele sikhuphe isitifiketi sokubhalisa kumhlinzeki wenkundla.

(6) Umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing kufanele abe nezindawo ezibonakalayo eRiphabhulikhi ukuze abaninizimoto bakwazi ukuxhumana nayo kanye nokuba khona ku-inthanethi.

(7) Kusukela osukwini olubalwe njengezinsuku eziyi-180 ngemuva kokuqala ukusebenza kwale mithetho, akekho ongahlinzeka ngomsebenzi wokuthutha nge-e-hailing esebenzisa umhlinzeki wenkundla ongabhalisiwe ngokwalo mthethonqubo.

(8) Abahlinzeki benkundla kufanele bavuselele ukubhaliswa kwabo njalo eminyakeni eyisikhombisa ebalwa kusukela ngosuku lokubhalisa ngokulandela inqubo efanayo nenqubo yokubhalisa yokuqala ehlinzekwe kulo mthethonqubo.

Izinto ezincane okumele inkundla ye-e-hailing ibe nazo

16. (1) Inkundla ye-e-hailing kufanele okungenani ibe nalokhu okulandelayo okusebenzayo kumgibeli:

- (a) Umsebenzisi kufanele akwazi ukubhalisa nge-app ye-e-hailing.
- (b) Ukuhlinzekela ukukwazi ukufaka isicelo sohambo kuvele indawo aya kuyo.
- (c) Ukuhlinzeka ngendawo la khona inkampani elawula inkundla ye-e-hailing ikwazi ukunikeza umsebenzisi amasevisi ahlukahlukene angakhetha kuwo.
- (d) Umsebenzisi kufanele akwazi ukubona imali yokugibela engakaluqinisekisi uhambo.
- (e) I-app kufanele ivumele umsebenzisi ukuthi abuke imali bukhoma ngeskhathi uhambo luqhubeka.
- (f) Umsebenzisi kufanele akwazi ukuxhumana nomshayeli ngemva kokuthi umshayeli esenikezwe umsebenzisi.
- (g) Ukunikezwa kwezaziso zohlelo lokusebenza ukuze kugcinwe umsebenzisi enolwazi mayelana nesimo sesicelo sohambo, isikhathi sokufika komshayeli, imininingwane yomshayeli nemoto okuhlanganisa nokulandelelwa bukhoma kwendawo yomshayeli kusukela ekwamukeleni uhambo kuye ekupheleni.

- (h) Umsebenzisi kufanele akwazi ukuxhumana nomshayeli nge-app.
 - (i) Inkundla kufanele ivumele umsebenzisi ukuthi akwazi ukufakela omunye umuntu isicelo sohambo nge-akhawunti yakhe.
 - (j) Inkokhelo kufanele ikwazi ukwenziwa ngokuzenzakalelayo ngemva kokuphela kohambo, uma umgibeli ekhokha nge-elektronikhi noma ngekhadi.
 - (k) Umsebenzisi kufanele akwazi ukukhetha indlela yokukhokha okuhlanganisa nokwengeza ikhadi lesikweletu noma ikhadi ledebhithi lungakaqali uhambo, lapho kuyisinqumo somsebenzisi ukukhokha ngaleyo ndlela.
 - (l) Umsebenzisi kufanele akwazi ukuphawula ngomshayeli uma uhambo seluphelile.
 - (m) Izinkinobho zokwethuka kufanele zinikezwe esimweni esiphuthumayo ezixhunywe kubahlinzeki besevisi yezokuphepha abazimele noma abahlinzeki bokulandelela imoto abaqokwe umninimoto, futhi zihlolwa njalo, okungenani kanye ngenyanga ukuze kuqinisekiswa ukuthi zisasebenza.
 - (n) Izinkinobho zokwethuka ezihlongozwe endimeni (m) kumele zikwazi ukufinyeleleka futhi zisetshenziswe abagibeli kanye nomshayeli wemoto.
- (2) Inkundla kumele okungenani ibe nale misebenzi elandelayo yomshayeli:
- (a) Inkundla kufanele ihlinzeke ngephrofayili yomshayeli kanye nesimo okufanele sifake imininingwane elandelayo:
 - (i) isithombe somshayeli esingekho ngaphezu kwezinyanga eziyi-12;
 - (ii) imininingwane yelayisensi yokushayela esemthethweni;
 - (iii) imininingwane ye-PDrP, kuhlanganisa nezinsuku zokuphelelwa yisikhathi, kanye
 - (iv) imininingwane yemoto kubandakanya okungenani ukwakheka, imodeli, usuku lokubhaliswa kokuqala ngokoMthetho Kazwelonke Wezokuthutha Emgwaqeni, inombolo yokubhalisa kanye nombala.
 - (b) Umshayeli kufanele akwazi ukuthola izicelo zohambo ukuze amukele noma anqabe, okuhlanganisa ulwazi lomgibeli mayelana nendawo asuka kuyona nendawo aya kuyona.
 - (c) Inkundla kufanele inikeze umshayeli izindlela ezihlelekile neziphephile ukwenza lube ngcono kakhulu uhambo lomshayeli.
 - (d) Kumelwe kube nemibiko yomshayeli enikeza umshayeli ulwazi lwansuku zonke, lwangeviki, nolwanyanga zonke olumayelana nohambo nemali etholwayo, lapho kufanele khona.

- (e) I-app kufanele futhi ikwazi ukukhokhisa umsebenzisi isikhathi sokulinda kusukela kupharamitha echaziwe njengezindleko ezengeziwe phezu kwesisekelo semali yokugibela.
- (f) I-app kumele ikwazi ukunikeza umshayeli imephu yokushisa eyenza umshayeli aqaphele izindawo ezidingeka kakhulu.

Izimfuneko ezincane zomsebenzi wokuphatha inkundla ye-e-hailing

17. Umsebenzi wokuphatha inkundla ye-e-hailing kumele okungenani ube nalokhu okulandelayo:

- (a) Ukuphathwa komshayeli kanye nabasebenzisi;
- (b) Ukuphathwa kwendawo nemali yokugibela kusetshenziswa amamephu abuyekeziwe akamuva;
- (c) Ukuphathwa kokubhuka nokukhokha;
- (d) Ukuphathwa kwezimoto;
- (e) Ama-oda omshayeli kanye nokuphathwa kwezinkokhelo, kanye
- (f) Isikhungo sesevisi yamakhasimende ukubika ngokuphatheka kwabagibeli.

Izivumelwano zemisebenzi yokuthutha ye-e-hailing

18. Ukuhlelwa phakathi kwalowo ozoba umnirimoto kanye nomhlinzeki wenkundla ye-e-hailing kumele kubhalwe phansi futhi kufake okungenani lokhu okulandelayo:

- (a) Amagama asemthethweni ezinhlangothi njengoba eboniswe kumazisi noma komunye umazisi owamukelekayo esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha uma kwenzeka kungabantu bemvelo, namagama aboniswe esikhungweni lapho isikhungo sibhaliswe khona, uma kwenzeka kuyinkampani.
- (b) Abameleli abagunyaziwe neminingwane yabo egcwele kufanele bavezwe uma kuyisimo senkampani.
- (c) Igunya lesivumelwano kumele libe yiRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika.
- (d) Isivumelwano kufanele sibe nemibandela lapho lowo ozoba umnirimoto ethola ilayisense yokuthutha edingekayo yemisebenzi yokuthutha nge e-e-hailing.
- (e) Isivumelwano kufanele sihlizzekele ukuthi zonke izinto zikagesi okuhlanganisa neselula ezosetshenziswa umshayeli kufanele ihambisane nezimfuneko ze-RICA kanye ne-ECA.
- (f) Lapho lowo ozoba umnirimoto engeke ashayele yena mathupha imoto, isivumelwano kufanele sihlizzeke ngokuthi lowo ozoba umnirimoto uzokwethula umshayeli enkundleni nokuthi umshayeli kufanele ahlangebezane nazo zonke

izimfuneko okumele zigcinwe ngokwale mithethonqubo ukuze umshayeli akwazi ukuthutha nge-e-hailing.

- (g) Isivumelwano semisebenzi yokuthutha ye-e-hailing singaba ngendlela yemigomo nemibandela ehlinzekwe umhlinzeki wenkundla kumuntu ozoba umnini ngendlela yedatha njengoba ichazwe ku-ECTA.

Izimfuneko zokuphepha ezincane zemisebenza yokuthutha ye-e-hailing

19. Isigungu sokulawulwa kwezokuthutha esithola isicelo selayisense yokuthutha nge-e-hailing kumele, ngaphambi kokukhipha ilayisense yokuthutha, saneliseke, ngaphezu kwezimfuneko zoMthetho, uMthetho Kazwelonke Wezokuthutha Emgwaqeni kanye neMithethonqubo Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009 noma ozongena esikhundleni saso, ukuthi-

- (a) umfakisicelo uhlenganisa uMbiko Werekhodi Lobugebengu okhishwe uMbutho Wamaphoyisa aseNingizimu Afrika mayelana nomshayeli wemoto, obonisa ukuthi akanalo irekhodi lobugebengu eNingizimu Afrika elizomenza angakufanelekeli ukuthutha abagibeli ukuze bathole umvuzo eNingizimu Afrika;
- (b) umshayeli usayine isifungo esisho ukuthi alukho uphenyo lobugebengu olusalindlele olubhekiswe kuye eNingizimu Afrika noma kwelinye izwe olungaholela ekutheni agwetshwele icala yinkantolo yomthetho, lapho lelo cala lingaba nomthelela wokuthi umshayeli angakwazi ukwenza imisebenzi yokuthutha umphakathi;
- (c) umshayeli unelayisensi yokushayela efanelekile kanye nephemithi yokushayela yobungcweti (PrDP) njengoba kudingwa nguMthetho Kazwelonke Wezokuthutha Emgwaqeni;
- (d) imoto ifakwe inkinobho yokwethuka njengoba kudingwa umthethonqubo 16(1)(m), futhi
- (e) imoto imakwe ngolwazi oluhlongozwe kumthethonqubo 26(1).

Izimfuneko zomhlinzeki wenkundla ye-e-hailing ukuze anikeze ukufinyelela ekusebenziseni ingqalasizinda yayo kanye nezinsizakalo

20. Umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing anganikeza kuphela ukufinyelela ekusebenziseni ingqalasizinda kanye nezinsizakalo uma -

- (a) umnikazi wedivayisi ephathwayo ubhaliswe ohlelweni njengengxenye yesivumelwano okukhulunywe ngaso kumthethonqubo 18;
- (b) umnini noma umshayeli ubhala phansi ukuthi idivayisi ephathwayo ezosetshenziswa ithobela i-RICA kanye ne-ECA futhi ingeyomshayeli obhalisiwe noma umnini ongene esivumelwaneni nomhlinzeki wenkundla ye-e-hailing;

- (c) umgibeli unocingo oluphathwayo oluzosetshenziswa nguye ukuze adumise isevisi ngocingo oluthobela i-RICA kanye ne-ECA futhi lowo mgibeli ubhalise nomnikezeli wenkundla ngokufaka inombolo yakhe kamazisi noma inombolo yepasipoti kanye nekheli lapho uhlala khona, futhi
- (d) umnininimoto ungumnikazi welayisensi yokuthutha ekhishwe yisigungu sokulawulwa kwezokuthutha semisebenzi yokuthutha ye-e-hailing njengoba kudingwa uMthetho kanye nale mithethonqubo.

Ukumiswa noma ukukhanselwa kokufinyelela enkundleni ye-e-hailing

21. (1) Umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing angamisa noma akhansela ukufinyelela enkundleni ye-e-hailing komnini-moto kanye nomshayeli kamnini-moto ngokushesha nje lapho eqaphela ukungahambisani kwabo nemibandela yokufinyelela, inqobo nje uma eqala ngokunikeza isaziso senhloso yakhe yokumisa noma ukukhansela lokho kufinyelela, enikeza izizathu zokumiswa noma ukukhansela okuhlosiwe futhi ebiza umnininimoto ukuba abonise isizathu sokuthi kungani ukufinyelela kungafanele kumiswe noma kuhoxiswe.

(2) Lowo mhlinzeki wenkundla kufanele anikeze isaziso salokho kumiswa noma ukwesulwa kanye nezizathu esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha esanikeza umnininimoto ilayisensi yokuthutha ngokushesha okukhulu, kodwa kungakapheli amahora angama-48 ngemva kwalokho kumiswa noma ukukhanselwa ngomlayezo wedatha.

(3) Lapho umnininimoto emisiwe noma ekhanselwe yizo zonke izinkundla ze-e-hailing, lowo mnini-moto kufanele azise isigungu sokulawulwa kwezokuthutha ekhiphe ilayisense yokuthutha futhi ayeke ukusebenza kuze kube yilapho sekubuyisiwe ukufinyelela futhi kufanele anikeze ilayisense yokuthutha esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha kungakapheli amahora angama-48 ngemva kokumiswa noma ukukhanselwa kuze kube yilapho ukufinyelela sekubuyisiwe.

Ukusetshenziswa kwabahlinzeki benkundla ye-e-hailing abangaphezu koyedwa

22. (1) Umnininimoto angaba nezivumelwano nabahlinzeki benkundla ye-e-hailing abangaphezu koyedwa ngesikhathi esisodwa.

(2) Lapho ebhalisa nomhlinzeki omusha wenkundla ye-e-hailing, umnininimoto kufanele azise isigungu sokulawulwa kwezokuthutha esikhiphe ilayisense yokuthutha ye-e-hailing ngokubhala engakapheli amahora angama-48 ebhalisiwe.

Izimfuneko ezincane zesigungu sokulawulwa kwezomthetho ukuze sinikeze ilayisense yokuthutha ye-e-hailing

23. (1) Umfakisiselo ofaka isicelo selayisensi yokuthutha ye-e-hailing kumele agcwalise Ifomu 1B elihambisana neMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009 futhi akhokhe imali yokufaka isicelo eshiwo kuleyo Mithetho.

(2) Ngaphezu kwanoma yimiphi eminye imibhalo engadingeka ngokweMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009, umfakisiselo kufanele futhi alethe ikhophi yesivumelwano esayiniwe noma imigomo nemibandela eyamukelwe ngumfakisiselo kumhlinzeki wenkundla ye-e-hailing, ehambisana nezidingo ezisohlwini lomthetho 18.

Izimfuneko ezincane zezinto zikagesi ezisetshenziselwa imisebenzi yokuthutha ye-e-hailing

24. Akukho mshini ongasetshenziswa ekuhlinzekeni imisebenzi yokuthutha ye-e-hailing ngumhlinzeki wenkunga ye-e-hailing, umnini-moto, umshayeli noma umsebenzisi ngaphandle uma-

- (a) iwuhlobo olugunyazwe ngokwama-*Type Approval Regulations*, ka-2013, lapho kudingeka khona;
- (b) isetshenziswa ngokuhambisana ne-RICA, futhi
- (c) ibhaliswe kumhlinzeki wenkundla ye-e-hailing, umnini-moto, umshayeli nomsebenzisi, futhi
- (d) ukubhaliswa kwe-RICA kuhambisana nesigaba 39 se-RICA.

Irisidi ye-Elektronikhi yabagibeli

25. (1) Umnini-moto kufanele anikeze irisidi ye-elektronikhi wonke umgibeli osebenzisa imisebenzi yokuthutha ye-e-hailing.

(2) Irisidi ye-elektronikhi kufanele ibonise okungenani imininingwane elandelayo:

- (a) Igama nekheli lebhizinisi lomnini-moto;
- (b) Inombolo yelayisensi yokuthutha ekhishelwe imoto ehambisa umsebenzisi;
- (c) Umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing esetshenziselwa isevisi;
- (d) Indawo yokusuka neyokuphela kanye nenani elikhokhelwe uhambo;
- (e) Usuku nesikhathi irisidi ekhishwe ngaso esihambisana nesikhathi sokugibela somsebenzisi;
- (f) Igama lomshayeli, kanye
